

Isigodlo Esifanelekile
SikaNkk Phengwini

Helen Brain • Celeste Beckerling



Isigodlo Esifanelekile
SikaNkk Phengwini



Le ncwadi ngeka





Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Isigodlo Esifanelekile SikaNkk Phengwini

(Mrs Penguin's Perfect Palace)

Illustrated by Celeste Beckerling

Written by Helen Brain

Designed by Arthur Attwell

Translated by Nal'ibali

with Vian Oelofsen and Jennifer Jacobs, and the help of Book Dash participants in Cape Town on 10 May 2014.

ISBN: 978-1-928442-56-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Isigodlo Esifanelekile SikaNkk Phengwini



Helen Brain • Celeste Beckerling

“Ngifisa sengathi ngabe NGINENDLU!” kusho uNkk Phengwini. “Angikuthandi ukuhlala emfucuzeni.”



“Nkk Phengwini othandekayo,” kusho uMnu Phengwini. “Sizokwakhela isigodlo.”



Ngakho umndeni
wakwaPhengwini waqala
ukusebenza.

“Isihlabathi singenza
ngilunywe,”
kukhononda uSisi.



“Ukukala kwakhona
kunephutha,”
kusho uBhuti.




“Ngilambile,” kwasho
uMagwinya.



UNkk Phengwini
waphefumulela
phezulu. Wayenza
wonke umsebenzi.



Ekugcineni isigodlo
saqedwa.



Kodwa igagasi lamanzi lafika lasikhukhula.
“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini.



“Wozani zingane, sizokwakhela uMama isithabathaba ngamatshe.”



Ngakho umndeni wakwaPhengwini waqala ukusebenza.



“Amatshe ayasinda,”
kukhononda uSisi.




“Mina ngisalambile,” kwasho uMagwinya.



“Ukukala kwakhona
kunephutha,”
kusho uBhuti.



Ekugcineni isithabathaba
saphela ... kodwa
kwafika umoya
wasiphephula.



UNkk Phengwini wacasuka.
“Angisezukuwenza omunye
umsebenzi,” kusho yena.




“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini.

“Angicabangi lutho olunye,” kusho uSisi.

“Kulukhuni kakhulu.”

“Asinawo ngisho
usimende,” kusho uBhuti.

“Ngeke ukwazi ukwakha
indlu eqinile ngaphandle
kukasimende.”




“Mina ngilambile,” kusho uMagwinya.

UNkk Phengwini waphefumulela phezulu.

Wayengeke alithole ikhaya lakhe.



“Awubheke nje wonke lo doti,” kusho yena.



Khona manjalo uNkk Phengwini
wafikelwa wumbono.





“Bhuti, landa
izigxobo,”
kusasho yena.

“Sisi, thola
amanetha.”



“Magwinya, landa
ipulastiki. Mnu Phengwini
letha isando.”

Basebenza
usuku lonke.



“Ngikhathele,” kwasho uSisi.

“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.

“Ukukala kwakhona kunephutha,” kwasho uBhuti.

“Qhubeka usebenze,” kwasho
uNkk Phengwini.



“Mina ngisalambile,” kwasho uMagwinya.

“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.



“Kuzoba kuhle ngokumangalisayo,” kwasho
uMnu Phengwini.
“Wenza umsebenzi oncomekayo,” kwasho
uNkk Phengwini.



Ngakho basebenza,
basebenza,
basebenza ...

... kwathi
ekugcineni
ikhaya laqedwa
ukwakhiwa.





“Siyakwamukela esigodlweni sakho,” kwasho uMnu Phengwini. “Ngiyabonga,” kwasho yena.

“Yisigodlo Esifanelekile sikaNkk Phengwini.”



